## Kugxilwe kakhulu ekubekeni ukuba sobala ngentela kanye nokushintshana ngolwazi kwelinye izinga

**Tshwane, 18 kuLwezi 2022 -** Kuleli sonto eledlule sibone umhlaba wentela ugxila ekubekeni ukuba sobala ngentela nokushintshana ngolwazi kwelinye izinga ngesikhathi kunomhlangano wonyaka i-*OECD Global Forum on Tax Transparency and Exchange of Information for Tax Purposes (Global Forum) 15th Plenary* obubanjelwe eSeville, eSpain kusukela mhla ziyi-9 kuya kumhla ziyi-11 kuLwezi 2022.

Njengoba izindlela zebhizinisi zishintsha ngesikhathi ukuze zisebenze ngedijithali, kungabi ezakuleli zodwa futhi zibe ngemihlangano ebanjwa ngohleloxhumano lwezobuchwepheshe futhi njengoba ukubaluleka kwemingcele yokuba khona siqu iya iphela ekukhiqizweni nasekuhanjisweni kwempahla nosizo. Ngenxa yalokho, intela kazwelonke ilokhu iba sengcupheni yokuphazamiseka. Ngalokhu, kusemqoka ukusebenza nababambiqhaza nokusebenza ngababambiqhaza ukuthuthukisa uhlelokusebenza ukuze sakhe ukusebenzisana nokubambisana. Ukusebenzisa imihlomulo yokuba sobala ngentela nokushintshana ngolwazi kweseka imizamo yokuthuthukisa uhlelo lwentela nokulawulwa kwempahla emngceleni okuncike ekuthobeleni ngokuzithandela.

I-Global Forum okwamanje inamalungu ayi-165 anegunya lokuphatha kanti lo mhlangano, ongowokuqala ukuhlangana bukhoma selokhu kwaqubuka ubhubhane lokhuvethe i-COVID-19, uhlanganise ababambiqhaza abangaphezulu kwama-400 abemelele amalungu anegunya lokuphatha kanye nezinhlangano zamazwe omhlaba. Amanxusa abehambele umhlangano aphinde agcizelela ukubaluleka kokuba sobala ngentela nokushitshana ngolwazi (i-EOI) uma kubhekwa ukugwenywa kwentela nokulekelela ohulumeni emhlabei wonke ekuqoqeni izinsiza zasekhaya, ikakhulukazi njengoba umhlaba uvuka ekushayweni ubhubhane nasesimweni esingesihle sezomnotho.

I-Global Forum kanye nemikhandlu engaphansi kwayo yinkundla yamacebo yeNingizimu Afrika, kanti futhi ibe wusizo ekuvuleni amehlo ngobumfihlo bentela ngokuqapha imigomo yamazwe omhlaba ngezicelo zokushintshana ngolwazi i-Exchange of Information on Request (EOIR) kanye nokushintshana ngolwazi okuzenzekelayo i-Automatic Exchange of Information (AEOI), kanjalo nezinyathelo zokukhulisa umthamo, okubandakanya usizo lokutholakala kwentela phakathi kwemingcele.

Umhlangano i-*Global Forum Plenary* wendulelwe umhlangano we-Africa Initiative okuyiwo okhuluma namazwe ezwekazi ukuxwayisa ngokubaluleka kwe-EOI kanye nosizo lokwakha umthamo ukuze kulekelelwe amalungu anegunya lokuphatha ase-Afrika ekwakheni uPhiko lwe-EOI olusebenza ngempumelelo. Ngonyaka wezi-2022, zingaphezulu kwezi-2000 izisebenzi zezwekazi ezahlomula kulokhu kuqeqeshwa okukhethekile nge-EOI. Umhlangano we-AI uphinde wemukela inqubekela phambili kumathuluzi okulekelela ekufakweni kwezicelo zokubuyiswa kwentela emingceleni.

UKhomishana u-Edward Kieswetter ubemele iNingizimu Afrika njengenhloko kaSARS, nangesikhundla sakhe sokuba yiPhini likaSihlalo we-Global Forum's Steering Group kanye nePhini likaSihlalo we-Africa Initiative.

Okuqhakanjisiwe emhlanganweni kubandakanye ukwamukelwa kombiko wokubukezwa i-*South Africa's 2022 Exchange of Information on Request Second Round Phase 2 Peer Review*, kanye nokusayinda kukaKhomishana uKieswetter i-*Multilateral Competent Authority Agreement on the Automatic Exchange regarding CRS Avoidance Arrangements and Opaque Offshore Structures (MDR MCAA)* kanye nabanye abanegunya abayi-14, kanti abanegunya abangama-22 bona basayinde i-*MCAA on Automatic Exchange of Information on Income Derived through Digital Platforms (DPI MCAA*).

Ekushintshaneni kwe-AEOI kwakamuva, iNingizimu Afrika yabelene ngolwazi ngendlela ezenzekelayo nabalingani abangama-78 kanti uSARS uyaqhubeka nokwenza okubonakalayo ekusetshenzisweni kwemininingo ye-AEOI etholakele ukuze kuhlonzwe okungase kungahambi kahle lapho kuhlolwa umkhokhintela. I-Global Forum ibike ngo-2021, kwashintshwana ngokuzenzekela ngolwazi ngama-akhawunti ezimali angaphezulu kuka-111 million emhlabeni wonke, kufaka izimpahla ezilinganiselwa ku-11 trillion EUR".

Sisaqhubeka nohambo lwethu lokwakha kabusha uSARS o-SMART, uSARS wesimanje onesithunzi esingangabazeki, esethenjwayo futhi oyisibonelo esihle. Okusemqoka kulokhu ukukhulisa ukukhona kwethu ngokusebenzisa ubuchwepheshe nemininingo ngokusebenzisa ubunhloli bobuchwepheshe ngokusetshenziswa kwemishini yokufunda esezingeni eliphezulu.

Njengoba sikhulisa futhi selula ukusetshenziswa kwemininingo, i-EOI ne-AEOI kungumthombo obalulakile wemininingo osebenzisana nenqolobane yemininingo yabantu abaseceleni okwenza kube lula ukuhlonza abakhokhintela nabahwebi abangathobeli. Ukungathobeli kuzoba nzima futhi kumbe eqolo, ngakho-ke, nginxusa abakhokhintela nabahwebi ukuba benze okufanele bazithobelele ngokuzikhethela," kusho uKhomishana Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe ngesihloko sokuba sobala ngentela kanye nokushintshana ngolwazi, sicela ubheke lokhu okulandelayo:

- Isitatimende semiphumela ye-15th OECD Global Forum Plenary